Inkanyiso, 28 April 1893

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Inkanyiso* |
| DATE: | 28 April 1893, no page number |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE,-Endabeni yamadoda apikisana ngezwi lokuti "Iwundlu" yinja esencane, ake ngibeke libe linye kubo abanumzana bakiti. Kimi sengati kukona asebelahlekile ngoqobo ekukulumeni kwakiti, abaduke kangaka ukuba baza bahlanganise amazwi amabili awahlukene ngokungaka – "Umwundhlwane" ne "Wundhlu." Ngiyambonga impela u Mr. Mntyali ekucansiseleni kwake okuqamke epepeni elidhlulileyo. Kungebe'nto ecatshangwa ngabaningi kwabakuluma isiZulu ukuti "Iwundlu" lingabizwa ngo "Mwundhlwane"; ngoba "Iwundhlu" lizinyane lemvu, nelembube, nelengwe; inganti "Umwundhlwane" ngelenja. Kupela esikutusayo esikubiza nge "Wundlu" loko njengoba sibiza izinyane lembube, nelengwe, nelemvu, -hai imbuzi nenkomo. Lifanele, liyilo impela lelo'zwi lokuti, "Iwundhlu lika Nkulunkulu," uma sitsho inDodana yake; lihle uqobo, ngelake umSindisi.

Ubu "wundhlu" abukombi buqwaga namandhla ento, bukomba ukuhamba kahle, ukuma kahle, ukutula, ukubekezela, njengemvu enomusa, engati aihlakanipile kanti ihlakanipile'; njengembuzi nengwe, okuti pezu kwoba kunamandhla, kungadumeli muntu engakakuqali, kuhambe nje ku "wundhluzele." Lelo lizwi-ke silinike lezi zilwane ezitatu ezinomusa; kuxubene nokuzitusa kwetu.

Musani, madoda, ukuti ngokufundiswa niqambe amazwi akiti asekade aqanjwa, niwaqambe ngokuwahlanekezela. Yekani ukukuluma ubuqili bokuhlakanipa kwenu lapa abafundisi besilungisela intshumayelo yakiti encwadini yetu, kona iyakulunga; aniboni yini nina ukuti ayasihlupa amazwi okuti lapa uti uyafunda ufumane kulotshwe isiZulu-Mlungu esikwitizayo. Akuvunyelwane kwoku iko, kupikiswane kwokungeiko; kona nalaba abasilungisela i Bible beyakusizakala, siti nati sijabule nge Bible.

Ngisekona njalo, Mngane
MAGEMA MAGWAZA

TRANSCRIBER:
Sizakele Gumede for FHYA, 2022.
Student, MA in Historical Studies, UCT.